Iyini Imfundo Ebulimimbili/ ebuliminingi Esekelwe Olimini Lwebele?

Ipheshana 2

Nhlangulana 2024

Le ncwajana iyatholakala ngesiVenda, isiXhosa, isiPedi, isiZulu, isiSuthu, isiBhunu, isiTswana, isiTsonga, isiSwati, isiNdebele, Ulimi Lwezandla kanye nesiNgisi.

Bheka ku : www.bua-lit.org.za mayelana nemininingwane.

ZENEX FOUNDATION
bua-lit language and literacy collective
NELSON MANDELA Institute for EDUCATION AND RURAL DEVELOPMENT
OLDMUTUAL

What is a mother tongue(s)?

Luyini ulimi lwebele?

Ulimi lwebele wulimi ingane elejwayele kakhulu nefika nalo ngenkathi izoqala ukufunda isikole. Kungaba yizilimi ezingaphezu kolulodwa. Ngokuvamile, kuba wulimi/yizilimi ingane elusebenzisa njalo ukuxhumana ekhaya kanye/noma nasemphakathini. Ngokuvamile lolu wulimi ingane elufunda ezingeni loLimi Lwebele esikoleni.

Ulimi ingane elujwayele kakhulu luphinde lwaziwe ngamanye amagama anjengokuthi ulimi, ulimi lokuqala, ulimi lwasekhaya noma ulimi lwebele. Ulimi lwebele kungaba wulimi lukayise wengane noma lukagogo wengane: Iphuzu elibaluleke kakhulu ngelokuthi luwulimi ingane elujwayele kakhulu futhi elukhulumayo.

Ulimi lwebele lubandakanya izilimi zezigodi zalolo limi okukhulunywa ngalo. Ukwenza isibonelo, ulimi lwesiZulu olukhulunywa ezindaweni ezahlukene, njengasoGwini LwaseNtshonalanga, isiZulu saseNyakatho, isiZulu saKwaZulu, isiZulu sakoMsinga, zonke lezi zilimi zezigodi zifakwa ngaphansi kwegama elilodwa, isiZulu. Ngakho-ke, uthisha wesiZulu kufanele afundise isiZulu esigunyaziwe noma esibhalwayo ngendlela yokuthi izilimi zezigodi nazo ziyanakwa, zihlonishwe futhi zisetshenziswe njengomthombo wokufunda.

What is 'mother tongue' education?

Iyini imfundo 'yolimi lwebele'?

ENingizimu Afrika, Imfundo Yolimi Lwebele yeyamaniswa nokusebenzisa ulimi lwengane lwebele njengoLimi Lokufunda, Ukufundisa Nokuhlola / Language of Teaching, Learning and Assessment **(LOLTA)**. Lokhu kuchaza ukuthi izifundo eziqukethe ulwazi ezifana nezivalo kanye namakhono empilo zifundiswa ngolimi lwebele.

Okwamanje, ulimi lwebele lusetshenziswa njenge-**LOLTA** eminyakeni emine yokuqala yokufunda kuphela (iBanga R-3) eningini lezingane ezikhuluma ulimi lweNdabuko.
Eningini labafundi abakhuluma isiNgisi nesiBhunu, ulimi lwebele lusetshenziswa njengolimi lokufunda, ukufundisa nokuhlola **(LOLTA)** kusukela eBangeni R kuya eBangeni le-12 ngisho nokwedlula lapho.
Olunye uhlobo Lwemfundo Yolimi Lwebele yimfundo esebenzisa ulimi olulodwa. Lokhu kuchaza ukuthi izinsiza zokufunda nemithombo yolwazi (isib. izincwadi) zitholakala ngolimi olulodwa, ukuxhumana phakathi kothisha nabafundi kwenziwa ngolimi olulodwa, kanti nokuhlola kwenziwa ngolimi olulodwa. Kule ndlela, ezinye izilimi zifundiswa njengezifundo nje. Isibonelo, isiNgisi/isiBhunu/isiZulu/ isiTswana zifundiswa NjengoLimi Lokuqala Lokwengeza nanjengoLimi Lwesibili Lokwengeza. Nokho, kukhona nezinye izinhlobo zemfundo efundisa izifundo zezilimi ezimbili ezingeni Lolimi Lwebele.

What is Mother Tongue Based Bi/multilingual Education (MTBBE)?

Iyini Imfundo Ebulimimbili/ ebuliminingi Esekelwe Olimini Lwebele / Mother Tongue-based Bilingual Education (MTBBE)?

Imfundo Ebulimimbili/ebuliminingi Esekelwe Olimini Lwebele **(MTBBE)** wukusetshenziswa kolimi olungaphezu kolulodwa njengoLimi Lokufunda, Ukufundisa Nokuhlola **(LOLTA)**. Lokhu kuchaza ukuthi izifundo eziqukethe ulwazi ezifana nezibalo kanye nesayenzi yezemvelo nezobuchwepheshe kanjalo namasayensi ezokuhlalisana zifundiswa ngezilimi ezimbili noma ngaphezulu. Kulolu hlobo lwemfundo, ulimi lwebele olungolweNdabuko aluncintelwa yisiNgisi noma isiBhunu njenge-**LOLTA** eBangeni lesi-4. Kuqhutshekwa ngolimi lwebele kuwo wonke amabanga kuze kufike eBangeni 12 kuphinde kwedlule.

Lolu hlobo lwemfundo lubizwa ngokuthi lusekelwe olimini lwebele ngoba luyaqhubeka nokusebenzisa

ulimi ingane eluncele ebeleni njengolimi lokufunda, ukufundisa nokuhlola **(LOLTA)** eBangeni lesi-4 ngesikhathi kwengezwa olunye ulimi, olungajwayelekile kakhulu (isib. isiNgisi), njengolimi lokufunda nokufundisa kanye nokuhlola **(LOLTA)** lokuzinzisa.

Uhlelo lwe-**MTBBE** luyimpendulo yokulungisa umlando wokungalingani kwezilimi nezemfundo ohlelweni lwezemfundo lwaseNingizimu Afrika lapho khona kwakungabafundi besiNgisi nabesiBhunu kuphela ababezuza ngokusetshenziswa kwezilimi zabo njengama-**LOLTA** eBangeni lesi-3 ukuya phezulu.

Ohlelweni lwe-**MTBBE** izinsiza zokufunda nokufundisa (isib. izincwadi) zitholakala ngezilimi ezimbili noma ngaphezulu kanti ukuhlola kwenziwa ngolimi olungaphezu kolulodwa.
Kulolu hlobo, ama-**LOLTA** aphinda asetshenziswe njengezifundo zezilimi ezingeni Lolimi Lwebele noma Lolimi Lokuqala Lokwengeza. Impumelelo yokwethulwa kohlelo lwemfundo ebulimimbili esekelwe olimini lwebele **(MTBBE)** incike ngandlela thize ezingenibunjalo lokufundiswa kolimi olusetshenziswa njengolokufunda, ukufundisa nokuhlola **(LOLTA**'s**)** njengesifundo.

Why Mother Tongue Based Bi/multilingual Education?

Kungani kuba Nemfundo Ebulimimbili/ ebuliminingi Esekelwe Olimini Lwebele?

Iningi lezingane zaseNingizimu Afrika zisebenzisa ulimi lweNdabuko njengolimi ezilwejwayele kakhulu noma njengolimi lwebele. Ucwaningo lusikhombisa ukuthi abafundi bafunda kahle kakhulu ngezilimi abazejwayele. Ulwazi olujulile lwezilimi zabo lusiza abafundi bakwazi ukufunda ulwazi olusha nokufunda ezinye izilimi imbala. Imiphumela yohlelo lwamazwe ngamazwe lokuhlola amakhono okufunda olufana ne-**PIRLS** isikhombisa ukuthi izingane ziyehluleka ukufundela ukuqondisisa ngezilimi zeNdabuko eBangeni lesi-4 kuya phezulu, naphezu kokuthih befundiswa ngolimi lweNdabuko

emaBangeni R kuya kwelesi-3. Lokhu akuchazi neze ukuthi izilimi zeNdabuko azinamsebenzi njengezilimi zokufunda, ukufundisa nokuhlola **(LOLTA**'s**)**. Kodwa-ke okuyikhona kukhonjiswa yile miphumela wukuthi kuyasilela ukutshalwa kwezimali ekufundiseni kusetshenziswa izilimi zeNdabuko. Ukwenza isibonelo, othisha besiNgisi nabesiBHunu bayaqeqeshwa buthi banikezwe izinsiza zokufundisa nokufunda ngezilimi abafundisa ngazo. Ngakolunye uhlangothi, iningi lothisha abakhuluma izilimi zeNdabuko baqeqeshwa ngesiNgisi kanti iningi labafundi azinazo izincwadi zokufunda zezinga eliphezulu ezilimini zeNdabuko.

Ucwaningo lukhombisa ukuthi abantu abakhuluma izilimi ezingaphezu kolulodwa basebenzisa zonke lezi zilimi abazikhulumayo ukuqondidisa. Ukusebenzisa izilimi ezingaphezu kolulodwa njengolimi lokufunda, ukufundisa nokuhlola **(LOLTA)** kungaletha izinzuzo eziningi kubafundi ngenxa yokuthi baba nezilimi ezingaphezu kolulodwa njengesikhathi sokwakha into enencazelo.

Ukuqinisa ukusetshenziswa kwezilimi izingane ezizejwayele njengolimi lokufunda, ukufundisa nokuhlola **(LOLTA)** ngesikhathi kwengezwa olunye oluyi-**LOLTA** lokwengeza, lungakhulisa ukuzethemba, ubunjalo nesiko lomfundi. Kungaphinda kwenze ukuthi abafundi bakwazi ukuxhumanisa ulwazi oluphuma emiphakathini yangakubo nalolo oluphuma esikoleni. Uhlelo lwe-**MTBBE** luqondise ukukhuthaza ubulimininingi bomuntu ngayedwana ukuze kwandise ukuxhumana phakathi kwamasiko ahlukahlukene, ukuqondisisa nobumbano emphakathini. Uhlelo lwe-**MTBBE** luhlose ukwakha isimo lapho abafundi bezokwazi ukufunda ngolimi lwabo nangolimi olusabalele lokuxhumana (isiNgisi), kanye nokufunda olunye ulimi lweNdabuko (ulimi olungahlobene nolimi lwabo abaluncele ebeleni).

Uhlelo lwe-**MTBBE** luphinda lukhombise ukuphusa njengendlela yokuthuthukisa ezomnotho, njengalokhu lulungiselela abafundi ukuthi babambe iqhaza emnothweni wezwe nowamazwe ngamazwe. Lulungiselela abafundi ukuthi babhekane nempilo eyahlukahlukene, ngakho bangakwazi ukusebenza ezindaweni lapho isiNgisi sisemqoka (umnotho ohlelekile) nalapho izilimi zeNdabuko zisemqoka (umnotho ongahlelekile).

Advice for schools changing to MTBBE - how could it work in the classroom?

Iseluleko ezikoleni ezishintshela ohlelweni lwe-MTBBE – lungase-benza kanjani ekilasini?

Isimo soku-1: Ezikoleni ezinesiZulu Ulimi Lwebele Esigabeni Esiyisekelo nesiNgisi ukusuka eBangeni lesi-4-12 (isikole sasemakhaya/saselokishini)

- Abafundi bakhuluma isiZulu njengoLimi Lwebele (HL) (abanye abafundi bangase bakhulume ulimi lwesigodi lwesiZulu)
- Othisha bakhuluma isiZulu njengoLimi Lwebele (HL)
- Othisha nabafundi bakhuluma isiNgisi ngokwezinga elingatheni ngaphandle kwekilasi
- IsiZulu wulimi lokufunda, ukufundisa nokuhlola **(LOLTA)** esigabeni esiyisisekelo kanti isiNgisi siwulimi olusemthethweni lokufunda, ukufundisa nokuhlola **(i-LOLTA)** ukusuka eBangeni lesi-4.

Izinqubo zohlelo lwe-MTBBE eziphakanyiswayo: ***Izinqubo Zokufundisa Ngezilimi Ezimbili***

IsiZulu njenge-LOLTA Esigabeni Esiyisisekelo kanye nesiZulu-isiNgisi njengama-LOLTA (Ibanga 4 kuya phezulu)

Ukuhlelwa kwezifundo: Uthisha kufanele athole ukuthi yiziphi izilimi ezikhulunywa ngabafundi. Emuva kwalokho kudingeka bacabange ngokucophelela ukuthi bazosebenzisa isiZulu noma isiNgisi noma zombili lezi zilimi nokuthi lokho kwenziwa kuziphi izingxenye zesifundo. Ukucabangisisa ngalokhu kungasiza othisha bakwazi ukusuka emqondweni wokuqeqeshwa ngesiNgisi kuphela bese becabanga ngobuliminingi mayelana nokufundisa nokufunda. Kungaqinisa izinga lezifundo ngokukhuthaza othisha ukuthi bathole baphinde basebenzise ulwazimagama olugunyaziwe lwesiZulu nolwesiNgisi ezifundweni zabo.
Okokugcina, kungaphinda kusize othisha ukuthi bakuhlelele ukusetshenziswa kolimi emakilasini.

Ukuqoqwa nokusetshenziswa kwezinsiza: Othisha bazodinga ukuthatha izinqumo eziphusile ngamanani ezinsiza okufanele zithengwe ngezilimi zokufunda nokufundisa nokuhlola **(LOLTA**'s**)** ezisetshenziswa ekilasini (isib. Ekilasini labafundi abangama-40, izincwadi zesayensi eziyisiNgisi ezingama-20 nezincwadi zesayensi eziyisiZulu ezingama-20 zingathengwa: izinhlu zolwazimagama lobuchwepheshe ezibulimimbili zazo zonke izifundo zibalulekile kulesi simo.

Ukuhlola okwakhayo kanye nokuqoqayo: Othisha kanye nabeluleki bezifundo kudingeka bahlele ngokuqaphela ngokusetshenziswa kolimi ekuhlolweni (isib. ukuhlola okulimbili noma okulimilunye). Lokhu kubandakanya ukuqondisa ngezilimi ezizosetshenziswa ekuhloleni okwakhayo nokuqoqayo; okwenziwa ebangeni elithile; noma ingxenye ethile yokuhlola.

Ukusetshenziswa kolimi ekilasini (ngothisha nabafundi): Othisha kufanele ngabe bakhuthaza abafundi ukuthi basebenzise imithombo yezilimi/izilimi zezigodi ukwakha incazelo. Othisha kufanela baphinde babe yisibonelo sokusetshenziswa kolimi ukwakha incazelo.

Lokhu okulandelayo kuyisibonelo sendlela yokucabanga ngolimi kumabanga ahlukene ngokwesimo soku-1.

Ibanga	Izindikimba	Amatemu Abalulekile	Isifundo	Incwadi
4	Impilo kanye nokupahila	Ubulimimbili Izinto eziphilayo nezingaphili	Isingeniso: isiZulu/isiNgisi Ukuthuthuka: isiXhosa Ukuhlola: isiZulu ikakhulu	Ikakhulu izincwadi zesiZulu
5		Ubulimimbili	Isingeniso: isiZulu/isiNgisi Ukuthuthuka: isiZulu/isiNgisi Ukuhlola:isiZulu/isiNgisi	isiZulu/ isiNgisi zombili encwadini eyodwa

6		Ubulimininingi	Isingeniso: isiZulu/isiNgisi Ukuthuthuka: isiZulu/ isiNgisi Ukuhlola: isiZulu/isiNgisi	iyisiZulu /Ingxenye iyisiNgisi izincwadi ezehlukene

Isimo sesi-2: Ezikoleni ezinesiZulu-isiNgisi kanye nesiSuthu-isiNgisi lapho zifundiswa ngokwehlukana esikoleni

- Iningi labafundi likhuluma isiZulu noma isiSuthu njengoLimi Lwebele (abanye abafundi bangase bakhulume ulimi lwesigodi lwesiXhosa noma lwesiSuthu).
- Othisha bakhuluma isiZulu noma isiSuthu njengoLimi Lwebele (HL).
- IsiZulu nesiSuthu zisebenza ngokwehlukana njengama-**LOLTA** ukufika eBangeni lesi-6. IsiNgisi sifundiswa njengoLimi Lokuqala Lokwengeza (FAL) ukusuka ebangeni loku-1.

Izinqubo ze-MTBBE eziphakany-*iswayo Izinqubo Zohlelo Lwezilimi Eziqhubeka Kanyekanye & Nezilimi Zokufundisa Ezimbili*

Ukuhlelwa kwesifundo: Uthisha kufanele athole ukuthi yiziphi izilimi ezikhulunywa ngabafundi. Emuva kwalokho bazobe sebecabanga ngokucophelela ukuthi basebenzisa isiZulu noma isiNgisi noma isiSuthu noma isiNgisi noma zombili nokuthi lokho bakwenza kuziphi izingxenye zesifundo.

Lokhu kubalulekile ukuze kusize othisha ukusuka emqodweni wokuqeqeshwa ngesiNgisi kuphela bese becabanga ngobulimininingi ngokufundisa nokufunda. Lokhu kuzophinda kusize othisha bakwazi ukuthola nokusebenzisa ulwazimagama olugunyaziwe lwesiZulu/isiSuthu kanye nesiNgisi ezifundweni zabo. Okokugcina, kungasiza othisha ukuthi bahlele ngokusetshenziswa kolimi ekilasini.

Ukuqoqwa nokusetshenziswa kwezinsiza: Othisha bazodinga ukuthatha izinqumo eziphusile ngamanani ezinsiza okufanele zithengwe ngezilimi zokufunda nokufundisa nokuhlola **(LOLTA**'s**)** ezisetshenziswa ekilasini (isib.

Ekilasini labafundi abangama-40, izincwadi zesayensi eziyisiNgisi ezingama-20 nezincwadi zesayensi eziyisiZulu ezingama-20 zingathengwa: izinhlu zolwazimagama obuchwepheshe ezibulimimbili, izichazamazwi, ama-LTSM).

Uhlelo lokusebenza olungasebenzisi idatha olunezinhlu zamagama ezibuliminingi ezifundweni zonkana zingaba wusizo kulesi simo.

Ukuhlola okwakhayo nokuqoqayo: Othisha kanye nabeluleki bezifundo kudingeka bahlele ngokuqaphela ngokusetshenziswa kolimi ekuhlolweni (isib. ukuhlola okulimbili noma okulimilunye) bese beyalela ngokucacile ukuthi kufanele abafundi baphendule ngaluphi ulimi noma izilimi ebangeni ngalinye. Kuyanconywa ukuthi Ulimi Lwebele noLimi Lokuqala Olwengeziwe zisetshenziselwe ukuhlola.

Ukusetshenziswa kolimi ekilasini (ngothisha nabafundi): Othisha kufanele bakhuthaze abafundi ukuthi basebenzise zonke izinsiza zolimi/izilimi zezigodi ukwakha incazelo. Othisha kufanele baphinde babe yisibonelo sokusetshenziswa kolimi ukwakha incazelo.

Lokhu okulandelayo kuyisibonelo sendlela yokucabanga ngolimi kumabanga ahlukene ngokwesimo sesi-2.

Ibanga	Izindikimba	Amatemu Abalulekile	Isifundo	Isifundo	Incwadi/ LTSMS
4	Impilo kanye nokuphila	Ubulimimbili	Iingeniso: isiZulu/isiNgisi Ukuthuthuka: isiZulu Ukuhlola: isiZulu ikakhulukazi	Ingeniso: isiSuthu/ isiNgisi Ukuthuthuka: isiSuthu Ukuhlola: isiSuthu ikakhulukazi	IsiZulu ikakhulukazi Imibhalo yesiZulu/ yesiSuthu
5		Ubulimimbili	Isingeniso: isiZulu/isiNgisi Ukuthuthuka: isiZulu/isiNgisi Ukuhlola: isiZulu/isiNgisi	Isingeniso: isiSuthu/ isiNgisi Ukuthuthuka: isiSuthu/ isiNgisi Ukuhlola: isiSuthu/ isiNgisi	IsiZulu/ IsiNgisi encwadini eyodwa IsiSuthu/ IsiNgisi encwadini eyodwa
6		Ubulimimbili	Ingeniso: isiZulu/isiNgisi Ukuthuthuka: isiZulu/isiNgisi Ukuhlola: isiZulu/isiNgisi	Isingeniso: IsiSuthu/ isiNgisi Ukuthuthuka: IsiSuthu/ isiNgisi Ukuhlola: IsiSuthu/ IsiNgisi	Ingxenye iyisiZulu Ingxenye iyisiNgisi izincwadi ezahlukene

Esimeni sesi-2, kuyaphakanyiswa ukuthi kwakhiwe amathuba amaningi ngangokusemandleni okuhlanganisa abafundi abakhuluma izilimi ezalukene (isiZulu nesiSuthu). Abafundi bangaxutshwa emakilasini esiNgisi Ulimi Lokuqala Lokwengeza bese abafundi besiSuthu bangafundiswa isiZulu njengolimi lokuqala noma lwesibili lokwengeza bese kuthi abafundi abakhuluma isiZulu bafundiswe isiSuthu.

Isimo sesi-3: Ezikoleni ezinesiZulu-isiNgisi kanye nesiSuthu-isiNgisi lapho zifundiswa ngokwehlukana esikoleni esigabeni esiyisekelo bese emuva kwalokho kube isikole esibulimininingi esifundisa isiZulu-isiSuthu-isiNgisi (ezinye izikole zethula uhlelo lwe-MTBBE eMpumalanga Kapa)

- Abafundi bakhuluma isiZulu noma isiSuthu njengoLimi Lwebele (HL) (futhi-ke, ngokuvamile abanye babafundi bakhuluma zombili izilimi isiZulu nesiSuthu ngamazinga ahlukene)
- Abafundi bafundiswa ngesiZulu nesiSuthu emakilasini afunda ngezilimi ezahlukene ngasikhathi sinye.
- EBangeni 4, abafundi abakhuluma isiSuthu nesiXhosa axutshwa ekilasini elilodwa.
- Othisha bakhuluma isiZulu nesiSuthu ngamazinga ashiyanayo. Abanye othisha bakhuluma isiZulu Ulimi Lwebele (HL) kanti abanye bakhuluma isiSuthu.
- Othisha nabafundi basebenzisa isiNgisi ukufika ezingeni elingatheni ngaphandle kwasekilasini. IsiZulu nesiSuthu ngama-**LOLTA** afundiswa kanyekanye eBangeni R kuya kwelesi-3, isiNgisi sifundwa njengoLimi Lokuqala Lokwengeza ukufuka eBangeni loku-1, bese ngemuva kwalokho isiZulu nesiSuthu, sihlanganiswa nesiNgisi, zisetshenziswa njengezilimi zokufunda, ukufundisa nokuhlola **(LOLTA**'s**)** ekilasini elilodwa kusuka eBangeni lesi-4.

Izinqumo ze-MTBBE eziphakanyiswayo – *Izinqubo Zobulimininingi Eziguquguqukayo*

Ukuhlelwa kwesifundo: Othisha kudingeka bathathe izinqumo ezicacile ngokuthi uhlelo lwesifundo lukubhekela kanjani ukusetshenziswa kolimi ngezinhloso ezahlukene kanye nokusheba izilimi kuye ngenjongo. Lokhu kubalulekile ekusizeni othisha bakwazi ukusebenza ngendlela engesona isimbelambela uma besebenza ngezilimi. Kulesi simo, kubaluleke nakakhulu ukuthi othisha baxhumane nabanye othisha noma abeluleki bezifundo ukuze bacaciseleke ngamagama athile nokuthola amagama ngaphambi kwesifundo. Amavidiyo angezilimi ezahlukene achaza amagama azoba wusizo kakhulu kothisha abangabona ongoti bokukhuluma zombili izilimi, isiSuthu nesiZulu. Kungasiza ukuthi amavidiyo abe nezihumusho

- Abafundi bakhuluma isiZulu noma isiSuthu njengoLimi Lwebele (HL) (futhi-ke, ngokuvamile abanye babafundi bakhuluma zombili izilimi isiZulu nesiSuthu ngamazinga ahlukene)
- Abafundi bafundiswa ngesiZulu nesiSuthu emakilasini afunda ngezilimi ezahlukene ngasikhathi sinye.
- EBangeni 4, abafundi abakhuluma isiSuthu nesiXhosa axutshwa ekilasini elilodwa.
- Othisha bakhuluma isiZulu nesiSuthu ngamazinga ashiyanayo. Abanye othisha bakhuluma isiZulu Ulimi Lwebele (HL) kanti abanye bakhuluma isiSuthu.
- Othisha nabafundi basebenzisa isiNgisi ukufika ezingeni elingatheni ngaphandle kwasekilasini. IsiZulu nesiSuthu ngama-**LOLTA** afundiswa kanyekanye eBangeni R kuya kwelesi-3, isiNgisi sifundwa njengoLimi Lokuqala Lokwengeza ukufuka eBangeni loku-1, bese ngemuva kwalokho isiZulu nesiSuthu, sihlanganiswa nesiNgisi, zisetshenziswa njengezilimi zokufunda, ukufundisa nokuhlola **(LOLTA**'s**)** ekilasini elilodwa kusuka eBangeni lesi-4.

Izinqumo ze-MTBBE *eziphakanyiswayo – Izinqubo Zobulimininingi Eziguquguqukayo*

Ukuhlelwa kwesifundo: Othisha kudingeka bathathe izinqumo ezicacile ngokuthi uhlelo lwesifundo lukubhekela kanjani ukusetshenziswa kolimi ngezinhloso ezahlukene kanye nokusheba izilimi kuye ngenjongo. Lokhu kubalulekile ekusizeni othisha bakwazi ukusebenza ngendlela engesona isimbelambela uma besebenza ngezilimi. Kulesi simo, kubaluleke nakakhulu ukuthi othisha baxhumane nabanye othisha noma abeluleki bezifundo ukuze bacaciseleke ngamagama athile nokuthola amagama ngaphambi kwesifundo. Amavidiyo angezilimi ezahlukene achaza amagama azoba wusizo kakhulu kothisha abangabona ongoti bokukhuluma zombili izilimi, isiSuthu nesiZulu. Kungasiza ukuthi amavidiyo abe nezihumusho ngezansi kwezithombe ngesiZulu, ngesiSuthu nangesiNgisi (kodwa hhayi kuthi kuyoze kube sevidweni eyodwa). Kuzophinda kusize othisha bakwazi ukuthola nokusebenzisa ulwazimagama olugunyaziwe lwesiZulu, lwesiSuthu kanye nolwesiNgisi ezifundweni zabo.

Ukuqoqwa nokusetshenziswa kwezinsiza: Othisha bazodinga ukuthatha izinqumo eziphusile ngamanani ezinsiza okufanele zithengwe ngezilimi zokufunda nokufundisa nokuhlola **(LOLTA**'s**)** ezisetshenziswa ekilasini (isib.

Ekilasini labafundi abangama-40, izincwadi zesayensi eziyisiNgisi ezingama-20 nezincwadi zesayensi eziyisiZulu ezingama-20 zingathengwa: izinhlu zolwazimagama obuchwepheshe ezibulimimbili, izichazamazwi, ama-LTSM).

Uhlelo lokusebenza olungasebenzisi idatha olunezinhlu zamagama ezibuliminingi ezifundweni zonkana zingaba wusizo kulesi simo.

Ukuhlola okwakhayo nokuqoqayo: Othisha kanye nabeluleki bezifundo kudingeka bahlele ngokuqaphela ngokusetshenziswa kolimi ekuhlolweni (isib. ukuhlola okulimbili noma okulimilunye) bese beyalela ngokucacile ukuthi kufanele abafundi baphendule ngaluphi ulimi noma izilimi ebangeni ngalinye. Kuyanconywa ukuthi Ulimi Lwebele noLimi Lokuqala Olwengeziwe zisetshenziselwe ukuhlola.

Ukusetshenziswa kolimi ekilasini (ngothisha nabafundi): Othisha kufanele bakhuthaze abafundi ukuthi basebenzise zonke izinsiza zolimi/izilimi zezigodi ukwakha incazelo. Othisha kufanele baphinde babe yisibonelo sokusetshenziswa kolimi.

Lokhu okulandelayo kuyisibonelo sendlela yokucabanga ngolimi kumabanga ahlukene ngokwesimo sesi-3.

Ibanga	Izindikimba	Amatemu Abalulekile	Isifundo	Incwadi
4	Impilo kanye nokuphila	Ubulimimbili	Isingeniso: isiZulu/isiNgisi/isiSuthu Ukuthuthuka: isiZulu/isiSuthu Ukuhola: isiZulu/isiSuthu ikakhulukazi	IsiZulu/ isiSuthu/ isiNgisi nemibhalo ebulimimbili ikakhulukazi
5		Ubulimimbili kanye nobuliminingi	Isingeniso: isiZulu/isiNgisi/isiSuthu Ukuthuthuka: isiZulu/isiNgisi/isiSuthu Ukuhlola: isiZulu/isiNgisi/isiSuthu	Ingxenye iyisiZulu/ isiSuthu Ingxenye iyisiNgisi izincwadi ezahlukene

6		Ubulimimbili	Isingeniso: isiZulu/isiNgisi/isiSuthu Ukuthuthuka: isiZulu/ isiNgisi/isiSuthu Ukuhlola: isiZulu/isiNgisi/isiSuthu	Ingxenye iyisiZulu/ isiSuthu Ingxenye iyisiNgisi izincwadi ezahlukene

Isimo sesi-4: Isikole esibuliminingi

- Abafundi bakhuluma izilimi zeNdabuko ezahlukahlukene njengolimi lwebele (HLs) (kanti ngokuvamile bakhuluma ngaphezu kolimi olulodwa kwezeNgabadi).
- Othisha bakhuluma Izilimi zendabuko njengolimi lwebele (HLs) (kanti ngokuvamile bakhuluma ngaphezu kolimi olulodwa kwezeNgabadi). Ngisho kunjalo, othisha bangase bangakwazi ukuqondisisa izilimi ezahlukahlukene ezikhulunywa ngabafundi.
- Othisha nabafundi basebenzisa isiNgisi ngokwezinga elingatheni ngaphandle kwasekilasini.
- Amakilasi amaningi afundisa ngezilimi ezahlukene zeNdabuko ngesikhathi esisodwa esigabeni esiyisisekelo nesiNgisi njengoLimi Lokuqala Lokwengeza (FAL) (isib. Sesotho-English,
- isiZulu-English, Tshivenda-English, njll.) emuva kwalokho isiNgisi njengolimi olusemthethweni lokufunda, ukufundisa nokuhlola **(LOLTA)** ukusuka ebangeni lesi-4. Ngemuva kwebanga lesi-4, izilimi zeNdabuko zingafundiswa njengezifundo zonke.

Izinqumo ze-MTBBE eziphakanyiswayo – *Izinqubo Zobuliminingi Eziguquguqukayo*

Ukuhlelwa kwesifundo: Othisha kudingeka bathathe izinqumo eziphusile ngokuthi uhlelo lwesifundo lukubhekela kanjani ukusetshenziswa kolimi ngezinhloso ezahlukene kanye nokusheba izilimi kuye ngenjongo. Lokhu kubalulekile ekusizeni othisha bakwazi ukusebenza ngendlela engesona isimbelambela uma besebenza ngezilimi. Kulesi simo, kubaluleke nakakhulu ukuthi othisha baxhumane nabanye othisha noma abeluleki bezifundo ukuze bacaciseleke ngamagama athile nokuthola amagama ngaphambi

kwesifundo. Amavidiyo angezilimi ezahlukene achaza amagama azoba wusizo kakhulu kothisha abangabona ongoti bokukhuluma iningi lezilimi ezikhulunywa ngabafundi. Kungasiza ukuthi amavidiyo abe nezihumusho ngezansi kwezithombe ngezilimi ezahlukene. Kuzophinda kusize othisha bakwazi ukuthola nokusebenzisa ulwazimagama olugunyaziwe lwezilimi ezahlukahlukene.

Ukuqoqwa nokusetshenziswa kwezinsiza: Othisha bazodinga ukuthatha izinqumo eziphusile ngamanani ezinsiza okufanele zithengwe ngezilimi zokufunda nokufundisa nokuhlola (LOLTAs) ezisetshenziswa ekilasini (isib. izincwadi zesayensi/zokusebenzela eziyisiNgisi eziyi-10, eziyi-10 zesiXhosa, eziyi-10 zesiSuthu kanye neziyi-10 zesiTsonga noma izichazamazwi, amaglosari namanye ama-LTSM; kanye noma nezincwadi ezibulimimbili).
Uhlelo lokusebenza olungasebenzisi idatha olunezinhlu zamagama ezibuliminingi ezifundweni zonkana zingaba wusizo kulesi simo.

Ukuhlola okwakhayo nokuqoqayo: Othisha kanye nabeluleki bezifundo kudingeka bahlele ngokuqaphela ngokusetshenziswa kolimi ekuhlolweni (isib. ukuhlola okulimbili noma okulimilunye) bese beyalela ngokucacile ukuthi kufanele abafundi baphendule ngaluphi ulimi noma izilimi ebangeni ngalinye. Kuyanconywa ukuthi Ulimi Lwebele noLimi Lokuqala Olwengeziwe zisetshenziselwe ukuhlola.

Ukusetshenziswa kolimi ekilasini (ngothisha nabafundi): Othisha kufanele bakhuthaze abafundi ukuthi basebenzise zonke izinsiza zolimi/izilimi zezigodi ukwakha incazelo. Othisha kufanele baphinde babe yisibonelo sokusetshenziswa kolimi ukuze kwakhiwe incazelo.

Lokhu okulandelayo kuyisibonelo sendlela yokucabanga ngolimi kumabanga ahlukene ngokwesimo sesi-4.

	Ibanga	Amatemu Abalulekile	Isifundo	Incwadi
4	Impilo kanye nokuphila	Ubulimimbi-likanye nobuliminingi izinto eziphilayo nezingaphili	Isingeniso: isiXhosa/ isiNgisi/isiSuthu/isiZulu/ isiVenda Ukuthuthuka: isiXhosa/ isiZulu/isiSuthu/ isiVenda Ukuhlola: isiXhosa/ isiZulu/isiSuthu/ isiVenda ikakhulukazi	Imibhalo yesiZulu ikakhulukazi
5		Ubulimimbili kanye nobuliminingi	Isingeniso: isiZulu/isiNgisi/isiSuthu, isiVenda Ukuthuthuka: isiZulu/isiNgisi/isiSuthu/ isiVenda Ukuhlola: isiZulu/isiNgisi isiVenda/isiNgisi isiSuthu/isiNgisi	IsiZulu/ isiNgisi izilimi zombili encwadini eyodwa
6		Ubulimimbili kanye nobuliminingi	Isingeniso: isiZulu/isiNgisi/isiSuthu/ isiVenda Ukuthuthuka: isiZulu/isiNgisi/isiSuthu/ isiVenda Ukuhlola: isiZulu/isiNgisi isiSuthu/isiNgisi isiVenda/isiNgisi	Ingxenye isiZulu/ isiSuthu/ isiVenda Ingxenye isiNgisi imibhalo eyahlukene

Sibonga abe**Zenex foundation, i-Nelson Mandela Institute kanye ne-Old Mutual** ngokwenza ukukhiqizwa kwala mapheshana (pamphlet) kube yimpumelelo. Zilungiselelwe ukukhiqizwa nguSoraya Abdulatief, Xolisa Guzula, Ntombizanele Mahobe, Carolyn McKinney, Nadeema Musthan, Margie Probyn, Brian Ramadiro, Robyn Tyler, noZola Wababa.

Ihunyushwe ngu Thandi Dube
Yakhiwe ngu Phumle April

ZENEX FOUNDATION

bua-lit language and literacy collective

NELSON MANDELA Institute for EDUCATION AND RURAL DEVELOPMENT

OLDMUTUAL